KWAZULU-NATAL PROVINCE
HUMAN SETTLEMENTS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU: ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

*Isaziso ngokweSigaba 15*
*soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, wezi-2000*
*(UMthetho No. 2 wezi-2000)*

## IZIGABA ZAMAREKHODI ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUTHI UMUNTU AFAKE ISICELO

La marekhodi alandelayo atholakala ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokuthola irekhodi ngokwe-PAIA. Nokho-ke ukudalulwa kwalezi zigaba zemibhalo kuyoncika ekubuyekezweni yilowo oyiSikhulu Esibhekele Ulwazi ngokwesigaba 15(4) se-PAIA.

Umphakathi ungakwazi ukuwathola mahhala la marekhodi kusizindalwazi soMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu waKwaZulu-Natali (www.kzndhs.gov.za).

Amalungu omphakathi angeke akwazi ukungena kusizindalwazi ayakhuthazwa ukuba axhumane neSikhulu Esibhekele Ulwazi noma lowo oliSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi ngenhloso yokuhlela ukuthi angaphrintelwa kanye/ noma angawabuka nini lawo marekhodi adingekayo angena ngaphansi kwalawa abalwe lapha ngezansi.

Izigaba zamaRekhodi atholakala ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokuthola irekhodi:

(1) Uhlaka lomumo woMnyango;
(2) Imininingwane Yokuxhumana, iHhovisi likaNgqongqoshe
(3) Imibhalo emaqondana nohlolojikelele lwamasu okusebenza neminye ehambisana nayo (Imibiko Yonyaka, Izinhlelo Zamasu Okusebenza kanye Nemibiko Yokwenziwa Komsebenzi)
(4) Izinsiza Ezihlinzekwayo (kuhlanganisa imininingwane emayelana nohlobo kanye nemibandela yokufaneleka esebenza maqondana neMixhaso Yezindlu zikaHulumeni eyahlukene
(5) Ulwazi olumaqondana neZinhlelo kanye neMiklamo Yezindlu
(6) Isitatimende Sobumfihlo
(7) Ulwazi olumaqondana nezinsiza (Imithetho, Izinqubomgomo, Imiqulu, Imihlahlandlela kanye nezinqumo zeNkantolo)
(8) Ulwazi olumaqondana nabezindaba nemithombo yezokwazisa (Izinkulumo, Izincwadimbiko, izindaba ezikhishelwa abezindaba kanye nezikhala zemisebenzi)
(9) Amathenda (Izilinganisimanani kanye neZikhangiso)

Isikhulu Esibhekele Ulwazi